1-46*

S.53. PP. 1.-46 H. Mhlongo No 3 Indexed 9/38 am/3/27
53
K13/27

s 53 begins

Ukwenda. Part I

Kuqala, abelungu bengakabusi lapha ezweni lakithi, umntwana ubethobela umthetho kayise. Bekuze kuthi umnumzane abe nomthetho aphethe ngawo umuzi wakhe..

Amantombazana akhule azi uyise. Kuthi ke kusuke elinye nje ikhehla noma insizwa, ithande impatho yomuzi walomnumzane ibe se izithandekisa kumnumzane lo, izenzelele kuze kuthi umnumzane lo ayithande naye, kanti izingela ukuba ayendisele intombi yakhe. Nempela ke, esake umnumzane abize intombi yakhe ayikhombise lensizwa athi, "yenda nansi indoda yakho mntanami. Ingumuntu lensizwa. Iyokulondoloza."

Nempela umntwana alalele

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

izwi likayise ngoba uyazi ukuthi uyise angeke amlahle useye wamhlolela isimo sonke salensizwa nempatho yomuzi wakwakho yamenelisa uyise walentombi.

Nempelake ibe se ilotsholwa lentombi. Kwesinye isikhathi umkhwenyana akhiphe nje izinkomo zibe nhlanu, kuthi umkhwe wakhe athi liphelile ikhanda lomntwana, ahambe aye kombeka emzini wakhe kube wendile wagqeda njalo. Alaywe phela mhla echanguza ukuthi kahambe aye kobakhela isihlobo esihle angakhathazi umyeni wakhe; azise abantu basemzini wakhe angahlebi uyise nonina emzini ngokwenza izinto ezingasile; angaphendulani noninazala noyise

53



K13/27

alingise unina lapha ekhaya; unina akanawo umsindo: uyabapha abantu ukudla: umuzi wakwabo ufudumele naye kahambe ayolingisa unina emzini wakhe abakhele isihlobo esihle.

Ikhale intombazana. Sifike isikhathi sokuba ikhishwe. Uyise aphehle ubulawu okhambeni abubeke esibayeni. Ayibambe ngengalo ahambe nayo a qonde esibayeni yembethe ingubo. Ifike esibayeni igeze ngo bulawu ebuphehlelwe uyise obenza indlela emhlophe ku mntwana nenkonzo enhle phambili.

Abe se emhola ngengalo ke esembethe izevatho zakhe amkhiphe ngesango amyeke ke usehamba ke nabanye abaya

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(53)

4

K13/27

komshadisa abancane. Uyakhala bayahlabelela, baze bayofika emzini. Ba vinjelwe esangweni bakake umakoti angabonwa abasemzini. Bahlawule la kuthiwa abahlawule khona ngoba nabasemzini nabo bazobahlaulisa.

Abancane laba bahamba phambili ngoba baya kohlaba izinkomo emzini. Abakhulu balandele ke nempahla yomntwana bafike ke kusinwe ke ijadu. Uyise ambeke umntwana enkundleni. Akhulume onke amazwi ezeluleko kuyise womfana esho ukuthi nango umntwana wakhe aze amgcinele yena, ke nokunjalo. Abele abasemzini ~~izimp~~ izipho abaphathele zona - amacansi, nezicephu, nemishanelo, nezi

vovo, nezinkamba, nezifociya-
au! nazo zonke izinto ezinhle
ezibonakalisa ukukhuthala
kukamakoti. Sebethokoza aba
semzini begiya bekikiza.
Sekuqoqwa ke loko seku
yadliwa ke inyama yezinko-
mo nezimbuzi ebezihlatshiwe
sebelawulwa lapha beyophu-
zwa za khona.
Phela nakubo makoti u-
bukade ugayiwe umncamo
wotshwala wahlatshwa nom-
ncamo wenyama noma yinko-
mo noma yimbuzi. Kudliwe
ke kande akhishwe uma-
koti kwabo- futhi ethwale-
lwe eyakhe inyama nge
qoma nokudla akuthanda-
yo, ngoba azoze akudla u-
kudla nenyama yomjadu
wakhe — uyahlonipha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

53

6

K13|27

Kushadwe kudliwe kuthiwe du qede bachitheke abazobuka icece, nabakubo kamakoti bahambe abakhulu abaphekezele ehambe ekhala bemduduza bemyala, ke abuye esexhawulile kwabakubo, kulalwe kuse, izintombi zakubo ziruke ziye komsebenzisa noma yi muphi umsebenzi wakhe, noma kuhlakulwa bayomhlakulisa - noma kusikwa utshani baye komsikisa - noma kungekho msebenzi kuyisebusika baye komthezisa izinkuni, zibe yigoqo ngelanga. Bayabuya lapho bayamngenisa kwabo lapha ezophheka khona. Ungena nje uphethe umshanelo nesicephu sakhe azohlala kuso, sebengena qede usesendlala ngasesililini sikanina

usethi ukuhlala usesukuma ethatha umshanelo wakhe owenziwe kahle, usethi ukushanela eshiya izibi emnyango, use beka noma nje ubuhlalu obakhiwe kahle noma yisigege nje phezu kwezibi, se hlala phansi. Sekusuka ingane yasemzini isibutha izibi izichitha isizitholela isigege, isibeka umshanelo la uhlala khona./

Sebephuma ke abakubo makoti bethatha impahla yabo sebedlile, sebehamba. Usebaphekezela futhi umakoti ekhala. Usebuyake nabasemzini wakhe behamba bekhuluma okuhle bemjwayeza. Sebeyafika ke emzini ekhaya. Uhamba nomganisi wakhe asele naye.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Bayadla ke. Angadli uma-
koti-phela uyazila. Uya-
nikwa ukudla kwasemzini
ngento. Inyama futhi ayi-
nikwe. Inkukhu nengulube
kayidli ngoba ilandela a-
bantu basemzini beya ngase-
se. Amasi nobisi kakudli.
Uyanikwa angakudli oze
azibule. Kangeni esibaye
ni sasemzini.

Sekusa kusasa uvuka ku
mnyama, usengena kwabo
umganisi ethatha imbiza ka
makoti neyakhe sekekha
amanzi usewashiya ngapha
ndle umakoti ecathula egudla
eze engena kwabo-kakhulumi
usewangenisa onke amanzi u
mganisi, usebuza ethi
kuphekwani kunina-use
mnika umbila sebegaya ke

bephakula sekuphekwake. Kuyadliwa qede - usephuma umakoti nomganisi baya kotheza izinkuni. Usebopha umnyaka omkhulu owedlula owomganisi wakhe usewethula ngaphandle sebengena ke ekhaya. Kuthi uma umganisi esewethulile owakhe umnyaka abuye alande okamakoti, ke bathathe izitsha bayokukha amanzi bafike baphondle bachophe qede babuye namanzi.

Uma ku yikuthi kuyahlakulwa bakhe amanzi bayohlakula babuye bagaye badle baye kotheza babuye bakhe amanzi bapheke njalo nje, aze ajwayele umakoti qede abe se buyela ekhaya umganisi. Umkhwenyana amuphe into yokum-

(53)

8.1

K13/27

thokozisa uma eseya ekhaya.
Ahlale ke lomakoti obekwe
nguyise kumuntu amkhethelwe
nguyise ngaphandle kwenkantolo
nangaphandle kwakefundisi, azale agcwalise umuzi
uma inkosi imnikile inzalo.
Ahlale awakhe umuzi wakhe
aze agugele kuleyo ndoda
yakhe eyihlonipha azisa zonke
izihlobo zasemzini wakhe.
Zingekho izahlukaniso ezingaka njengoba sekulotsholwa ngeshumi lezinkomo nenkomo
kanina kuqiniswe ezinkantolo kufungwe kubafundisi.
Abantu abadala ke bathi
kwafika isilungu sikafebana.
Kwafika umziqomele, kwagcwala
izahlukaniso.
Ngisayijshiya ke lendaba
khona lapha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Number two.

53 K13/27 9

# Ukuhlonipha.

KaZulu umlobokazi ubehlonipha yebo phela nalapha esilungwini zisahlonipha nje izintombi, kodwa seziyeba zizibize izinto ebezingafanele nempela zizibize. Njengoba uma ngiyisihambi nje, ngihlangane nomlobokazi ehlane ngibuze indlela angilayele kahle. Bese ngibuza lomuzi ukuthi ungokabani athi owakubo. Ngibuze umnumzane wakhona athi kambizi ngimhlalele ngimgubaba oze angebele abize uyise kantiyimi engiganga ngomntanomuntu ngimbizisa okungabizwayo.

Kuqala uma intombi iyakwenda ibitshelwa onke amagama abantu abahloniswayo emzini wayo. Ingaphindi iwabize yoze ibe salukazi sakhona ngoba phela umlobokazi uchanguza lapha —

153

K13/2

ekhaya nje, ubeke ukuzala. Ek
leni kufuneka umuntu ohlonip
yo ongesilo uhlanya. Ongakhwe
phezu kwekhanda likayise wom
ni angamphathi uninazala ng
sandla abahloniphe ke bonke
bakhulu abafanele bahlonish
emzini wakhe angababizi ng
magama abo, ngoba kukhona
amadlozi azombamba mhla e
zalayo. Loko kwakwaziswa k
khulu kuqala.

Namhla, yebo kuyahloniswa
kodwa kuyebiwa okunye ng
ba phela abelungu sebasitsh
la kakhulu ukuthi kawekh
amadlozi. Ngakoke zihloniph
zibuye zebe.

Kwakuthi uma ingane ikha
igaqe yeqela esililini sikayise
umfobokazi eyedwa endlini, ange
ayilande uma ebona ingozi ezoyehle

Uyoze ahambe ayofuna omunye umuntu amthathele ingane ngoba yena kaqi.

Umlobokazi kangeni eme nje endlini kwabo. Kuyathi uma esejwayele nje esakhuluma nomuntu omdala kanti ubesesukumile ethi uyaphuma, ahe se bambelela edolweni akhuluma ekhotheme, aqede qede aphume.

Azikhishwa izibi zichithwe ebusuku ngoba loko kubanga ubuphofu.

Azishiywa izibi inqwaba emnyango ngoba loko kubanga amacala

Umuntu wesifazana kangeni esibayeni egezile futhi kawadli amasi nobisi ngoba loko kona izinkomo.

Amasi kadlelwa eziko futhi akwendlalwa na kuhlalwa edli-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(53)

K13/27

wa. Iyasha imibele yezinkomo
inkomo idlelwa eziko

Umlobokazi kadli ebambelele ngesandla pansi uma ekhulelwe ngoba ingane iyonamathela m ebeletha ingaphumi.

Ungejwayeli ukuphatha izin ngazinhli ukhulelwe ngoba uyozala amaphahla.

Ungaphumi nyovane en ni ukhulelwe ngoba ingane iyophuma nyovane.

Intombi ibingadli ilele ngo kuyolala izinkomo zingavumi ukuthi ilotsholwe.

Ungababazi uma umuntu ethole amaphahla, mubongele ngoba uma umubabazela uku hlupheka nawe uzowazala.

Asihlekwa isilima, nawe uyasizala.

Uma izulu liduma.

1 akuhlalwa ngasezikо.

2 " okhukhweni.

3 " ngasensikeni.

4 kuhlalwa kuggqaggqanwe.

5 akwenatshwa.

6 Kadliwa amasi. Nokudla akudliwa

7 akulalwa. Kuvalwa umnyango.

8 aziqhutshwa izinkomo.

9 Ungaphambukeli emzini, funa kube bayaliphuma likwenze kabipwena ongaliphumi

10 akwethwalwa. Akuhanjwa endleleni

11 Liyephulwa ibodwe eziko.

12 Amanzi, namasi emaguleni aya mbozwa.

Umnumzane uyaliphuma izulu Lidume qede ethule izikhwama zakhe akhiphe amakhubalo ne zinsizi nezimpuphu namagvolo awaziyo, nezintelezi azilungise aphume nomshanelo nokhamba achele azungeze umuzi. A

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(53) K13/27 

shumeke impande eziko. Akhothi abasendlini izinsizi nezimpuphu ezithile njengokwelapha kwakhe ahlafune aququde naye aphume akhwife achinse alikhuze ethi aliye elwandle.

Nempela uzolivika ngeke liwe lapho ekhaya.

Kuthi uma liduma engekho kukhishwe noma yinduku yakhe ilahlwe emnyango liye koshaya kuyo lingalimazi ekhaya ngoba engalipumile.

Iyonandlela leyo yokuhloni pha izulu uma liduma.

Mangiqedele ngokuhlonipha.

Njengoba bengithe umlobokazi kazi bizi izinto ezifana namagama ab semzini wakhe ke lukhona uhimi lokuhlonipha: Yilolu.

Umnumzane uma ku uMveli umlobokazi anakusho ukuthi uvelaph nyalo nje ke

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

53 K13/27 15

ukuhlonipha.

| | |
|---|---|
| ukuvela | ukuthuza |
| imbuzi | intshitane |
| ukudla | ukumaya |
| ukuphuza | ukunatha |
| ekhaya | ebatha |
| endlini | enibeni - enkathekweni |
| inkomo | imeshe |
| okubili | okuntsheke |
| ukubeka | ukugcala |
| sakubona | sakuyana |
| inyama | impeko - incosa |
| inkuku | impandane - ikhwibi |
| ukuhleka | ukunkesha |
| ukulala | ukugiyama |
| ukuhlala. | ukuthema |
| ukuhamba | ukukhija |
| umfana | umlisa - umkhaphela |
| indoda | injeza |
| ikhambi | ihlafuno |
| umuthi | umshanguzo |

Uma nikufuna okunye ke ngo buye ngininike.
ngiyayishiya ke la lapha.)

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(53) Number 3. 16

K13/27

Umkhuhlane.

Kuye kuthi uma kukhona umkhuhlane ekhaya, kuggqashulwe amakhambi kuchathwe, kuphuzwe kuphalazwe, kufuthwe, kuthotshwe. Uthi ukuba unga wezweli amakhambi asekhaya kucelwe ngaphandle. Abanye bathi kahlatshwe ngenkuku nangosheleni.

Kuthi ukuba kungezwakali kubalekwe naye lowo ogulayo aye kowadlela komunye umuzi. Uye ahanjiswe ebusuku, ngoba phela kunyenyelwa abathakathi labo abambulalayo. Kazifeli umuntu uyathakathwa.

Kwesinye isikhathi asinde umuntu ngako ukubaleka aye kodlela amakhambi komunye umuzi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kubonakale ukuthi bekushi sa lapho ekhaya.

Kwesinye isikhathi anele ukubuyela ekhaya qede, adliwe ogulayo edliwa umoya, umkhondo, abe sekhwelwa yi khanda ozela emini, uhlale eqolo umkhondo nasemalunguini onke, umbuyele ke futhi umkhuhlane. Kubonakale impela ukuthi kuyashisa lapha ekhaya. Kukhona izilwane ezihambayo lapha ekhaya zakathakathi.

Kwesinye isikhathi kukhona umhlangwe, (inyoka enomhlanaffla oqhoshileyo imhlophe ngaphansi, ayinamathumbu) awubonakonwa nje umhlangwe kodwa izintelezi zi yawubamba. Uma ubanji we uyasetshenzwa impela u

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(53)



K13/27

chelwe welashwe ngezihlungu ube se ubulawa qede ubethelwe ngesikhonkwane ekhanda kuze kuse, ngoba uma u ngabethelwe uzovuka ebusuku ubuyele kumniniwo.

Kuvukwe ekuseni kulandwe inyanga iwushise se i welaphile, okuseleyo kwawo ekusheni iye koku mbela endleleni ~~noi~~ yikhona uzokwenganywa abedlulayo bedlule nawo ungabe useza ekhaya lelo.

Kwesinye isikhathi kugulwa nje kuhamba izimpaka noma yimvukuzane ekhaya. Uma ke kukhona izimpaka abantu baba no mkhuhlane wokunqunywa emphinjeni umuntu agqaze amathe; uma engaphuthunywa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 19

ngezihlungu ufa liphuma
ilanga ngoba ubiyane luye
lugcwale esifubeni luze lu
vimbe emphinjeni lwesuka
emanxebeni amabili em-
phinjeni lucime umphe
fumulo umuntu afe.

Kodwa abazi izihlungu
bayamphuthuma bamkho-
thise bamphalazise ubiyane
25/9/39 asinde. (Ubiyane yizindende)

Lezilwane zicushwa ngezi
ntelezi zibanjwe zichelwe nge
mithi zibulawe zishiswe
zihlanganiswe nemithi
zenziwe insizi yokukhotha
nokuncinda nokugcaba.
Kwelashwe ngayo ke impaka
leyo nemvukuzane nomhlangwe

Kwesinye isikhathi awuphe
li nje umkhuhlane lo ku-
khona umfazi omuhi ekhaya

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

owefuye ixhanti (Inyoka yentando) ngoba phela esithenjini uma omunye umfazi aliwa yindoda ilala kwantandokazi, onenhli ziyo embi uye ahambe aye enyangeni athenge intando ngomzimba wakhe ngoba intando ethengwa ngomzimba iyachuma ibe bukhali. Inyanga ke imenzele umuthi ithi uyo phalazela ndaweni yinye, noma emlotheni noma emfuleni. Uma sekuphele lezonsuku ke zenyanga, kuyofukuka into la ethi uyaphalaza. Enze njalo njengokusho kwenyanga kuze kuphume inyoka enhle enamabala amahle yini pho. Ibe se imkhotha wonke umzimba imthandela imlala. Abe se yithatha ayifake embizeni yakhe ayaziyo ayibeke endaweni yakhe ayazi yedwa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

aloku eya kuyona ke iya
komenza loko njalo ekuseni
namashona. Indoda izom-
thanda izule ngaye. Manje
kuphela konke ukwaliwa lo-
ku kwakhe ithuthe manje
kwantāndokazi ilale kwa
saliwakazi. Naye ezwe u-
kuqhosha ethi ehe phela!
nami ngiyithathile indoda.
Uyavuka kuyo ekuseni
uya enyokeni yakhe, ahlale
ke emini kuthi ntāmbama
futhi engakayi endodeni aye
enyokeni iye komkhotha
imlale uyafika endodeni
usemnandi ayisamdeli, no-
ma sebethi uyathakatha,
ayisenamadleke indoda.
Lenyoka ke ibekwa embize
ni noma emfuleni, iphiwe
ukudla. Baloku bebona

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

53

22

13/27

umfazi ekha amanzi nje ekuseni namashona kanti wethwala u kudla kwenyoka. Uhlala e geze kahle wachopha umfazi waloko. Kahlalwa yinsila.

Pho! uma ekhaya kukhona loko, abafazi abaziphathi izingane, zifa ubuphoqophoqo ngoba zihakula umoya wexhanti zife ngoba phela liyakhuphuka ebusuku lize ekhaya, lizodla ubulongwe likhumbule nomngani walo./

Kathi abafazi akuye kolrulwa nempela kuziwe yala indoda i dliwa yintāndo yomthakathi. Ne mpela isangoma simnuke lo mfazi nexhanti lakhe. Keseliqeda izingane ekhaya. Likhombe inya nga engalibamba libonwe libu lawe yelaphe ekhaya kulunge. Idlule imphikele indoda lom-

thakathi wayo. Ize ifike inyanga ilibambe ngezintelezi libonwe ngamehlo. Igoqe umuzi wonke ilibulale. Akhale umninido kube yikho na indoda ïbamba ongezansi.

Axoshwe ke lomfazi ekhaya ayiswe kubo. Eseroshu abafowabo ndoda noyise. Ikhale indoda ingasenakwenza lutho. Kwelashwe ekhaya kubuye kulunge nje esechithiwe umthakathi.

Kwesinye isikhathi kanti kuhamba utikoloshe ekhaya. Impela ke lendaba ilukhuni ngoba kabonwa kanti unguku fa ngoba nasemakhambini uyathela ubuthi; Futhi uma ehluleka ekuthelemi uyamekhama umuntu asuke afe nje. Anga

wubuqa umuzi wendoda utikoloshe nya. Indoda iyaqina ibize inyanga ekwazi ukubethela. uzwe inyanga ilayeza ukuthi nibolala ni shunqise lomuthi endlini ni niwubeke ngodengezi ngasemnyango ushe uze uphele ngofika kusasa kusihlwa uze ufike ✱ ufune amatshe adabukela emanzini abe nganga masango angena kwakho ekhaya. Ulungise namafutha engulube. Nempela ke, ifike. iphethe umuthi wayo ose ugayiwe wathakwa namafutha emvu emnyama noma imvu Yamanzi ibe se iwuthaka namafutha engulube ihuqe inaiji emnyama ematsheni azoba zikhonkwane. Ibe se ihuqa nalelo itshe elinye ilibeke ke. Omunye abambe isibani yona igcabe abantu isu

ka kumnumzane ize kunkosi
kazi nabantwana bonke ngoku
landelana kobudala babo. Ne-
salukazi singasali noma yi
vhegu nayo inyanga nohlaka
lwayo bonke bagcatshwe ku-
suka ekhanda naseshiyini
langanxanye nasemxhweleni
nasovalweni nasedolweni na
seqakaleni nasozwaneni olu
khulu nasesiphangeni na-
selungwini lengalo elifuphi
nasendololwaneni, nasesihlaka
leni nasesithupheni sahla-
ngothi lunye.
Leligazi likhiwa ngaleli
itshe. Labo bonke labantu
lihlangane kulelitshe, kuyothi
ekuseni umnumzane noma
yinyanga ahambe nalo leli-
tshe alibeke phezulu endaweni
lapha ilanga liphuma lihla-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ke khona. Kude noma yisentābeni noma yiseqqumeni noma yisentābeni yamatshe nje./

Loku kwenzelwa ukuba kuthi noma umathakathi eku galela nangephupho nangehabiya kuye kohlaba egazini lakho etsheni kubuyele kuyo klinya umniniko.

Kuthi ke lamatshe ayizikhonkwane abethelwe ezintūbeni zonke ezingena ekhaya.

Uma efika utikoloshe anga ngeni. asindwe abuyele emuva. Kuthi uma emqhuba ngenkani umniniwo, afika zembambe izikhonkwane. Eme kuze kufike abantu ba mbone ngamehlo.

Uma bembambile bathule bangakhulumi baqhwebe inyanga ifike imbulale imxhoxhe

ithengise noma yelaphe nga
mafutha akhe nenyama ne
sikhumba nethambo nako
konke kwakhe ku umu-
thi omkhulu ezinyangeni
Kube sekuqala ke kuka
kula ekhaya sekubethelwe
sekungasangeni, mhlolo.
nomkhuhlane udamuke
kube sekhaya impela.
Umnumzane ke ushaya
inkabi enkulu ngalo
lelo langa enyangeni yoku
bethela uma ethanda akhi
phe opondo abasithupha nge
langa ngoba phela eyoku
bethela ayisikwelethu.
Ukubethela akunsangu
ngoba impela enyangeni e
kufunde ngempela, kuya
thi uma ephikelele umtha-
kathi ukungena nobuthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ekhaya, uyobonwa ngamehlo e
banjiwe nomhlambi wonke
wakhe, ngoba phela abathaka-
thi befuyile ngempela otikoloshe
nezimpaka nemikhovu, nezingqe-
qe Eminye imikhovu bayayi
vusa, eminye izalwa umuntu nemfene.
Kulunga uma umuntu efe
qede wangawatshwa esashisa
kusuke isambane ekhaya kwa
mthakathi sigube umgodi
uyofika engcwabeni lelo. Kusu
ke umthakathi ema phezu kwe
ngcwaba amemeze ngomuthi
emlonyeni ememeza igama
lomufi. simthwale isamba
ne siphume naye. ame-
mukele umthakathi am-
sebenze aze avuke agijime
abe semnquma ulimi abe
seba umkhovu wakhe ke.
Izinyanga ziyayivimba

nemikhonto.

Miningi imikhuba eyenziwa abathakathi emnyangala, ninanazi. Bayabulela badweke nemeqo yikhona uzokweqa ufe.

Angisezukunitshela ngofufunyane — ningaze nicasuke. Sengiyema ke lapho ngezomkhuhlane.

Number 4.

Ukwenda. Part 2.

Phela kuqala izwe lalinga busiwa abelungu, lalibuswa amakhosi. Abantu bebuthwa (kwa-Zulu kelo) Inkosi ingajabile ukuthi izinsizwa ziyazithatha ngoba amabutho ayehlala elinde akuhloma ayokulwa nangasiphi isikhathi esingashiwo yinkosi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

53

K13/27

30

kuthi uma se ibona, ijube ibutho elithile ithi malithathe. Lijutshwa njalo selikhulile seli zinsizwa ezinkulu.

Nempela ke lithathe lelo. Bonke abeza ngemuva abakwazi uku zithatha izintombi zabo noma sebezithanda kakhulu, bengaju- tshiwe. Ziyoze zigane lona lelo butho eselijutshiwe.

Kukambe kwahamba kwa- fika abelungu: bafika nemithe- tho yesilungu: ebingaziwa kithi kwaMalandela.

Kwathi ngoMgqibelo ekuseni, laqqabuka indlebe kwaNodwengu edudusini, lapho umlungu om- hlophe wema enkundleni eshaya imithetho yakhe, emkhandlwini wakwaZulu - imithetho eyabe izobusa izwe. Phakathi kwe- mithetho, washo kakhulu u-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Somseu kaSonzica (Sir Theophilus Shepstone) wathi, "Bonke abantu mabazeke!" Wanquma nezi nkomo zelobolo kwanje. Abanye bahleka abanye bamangala.

Nempela kwaya ngezwi lo mlungu omhlophe owakhuluma ingaba phambi kwamadoda wathi, "Bonke abantu mabazeke." Ladabuka ke igoda. Sasazi thina kuzeka izinkomo abantu bethatha.

Kuthe kubuywa lapho kulezo mbizo, kwabe uzichele ngentelezi okaSonzica izinsizwa. Kwaba yilezo yathatha owayo, yangena esibayeni insizwa ya shaya izinkomo ezinqunywe umlungu omhlophe, umkhongi wezinsizwa. Zabe ziyachangu zelwa njalo izinsizwa.

Hayi! Angiyazi inyama

(53)

32

K13/27

eyaba ngakaya! Zazingasamemani izintombi, kuyileyo ishada nom ngani wayo kuyileyo ishada nomnga ni wayo! ~~Ha~~ Hawu! Azikhohlwang izintombi nezinsizwa!

Yiwo ke lowo umbidli kaSomseu Lase libuye lima kahle nje izwe emva kwaloko. Izinsizwa zeshela Izintombi ziqome.—

Kwasekuba khona indlela yokuba ikhululekile intombazana uma iqoma noma iyitshitshi, nje ngomthetho womngani wayo uma esho ethi uyayithatha ngoba u zoyilobola ngezinkomo zesinqumo somlungu.

Kodwa noma amantombazana ayesezigqomela kwakungakafiki ukufeba.

Kwasekuthi amaqhikiza abonise amatshitshi ezindabeni zokuqoma.

Kwakwenziwa nje:—

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kusuke umfana aqomise leyo ntombi ayithandayo, imale impela, ngoba phela uma u shesha uvuma sengathi uyisi febe. Ayisebenze impela intombi umfana eyeshela. Kuthi uma nayo isiyizwa inhliziyo kumfana itshele amaqhikiza ukuthi umfokazi uyayeshela uma e-thanda ale impela athi unga-ke ulokothe umqome ngoba uyingane. Nempela lilalele itshitshi. 1

Pho! Umfokazi esha yuthando lwetshitshi eshele abuqaze, lingamnaki nokuthi wenzani. Koze kuthi uma selijutshwa amaqhikiza alibize alibuze ukuthi wena uyathanda yini ukumqoma lomuntu — uma e thanda angalibuzi athi cha usuzomqoma manje. Yeluka

ukuhlalu. Ibakhe ke intombazana afike ke umfokazi lapho la efikela khona naye engazi ethi uzokwe-shela usefica lezintombi ezindala sezimfaka ubuhlalu zimtshela zithi uyavuma ke namuhla umntwana wakwethu. ungamonisi sokubona nawe osibona.

Hau! ~~usefika~~ usebonga ebuquza umfokazi usefika ekhaya uhloma iduku ubutha izinsizwa zesigodi sakubo ziya kobonga indaba sezifika ziyasina seku hlalwa kuphuzwa utshwala-ngoba phela izintombi zibufihlile zabukhokhobisa ekhaya. aya phuza ke amasoka athi du ke abonge agephuze kuchithekwe.

Iqomile ke. Kepha lelisoka kufana nokuthi kakulayo ngoba alikwazi ukuzibona noma yinini.

Uthando ke niyalwazi nani.
Lentombazana isiyamthanda lo-
mfana manje. Isimzwela ubu-
hlungu. Isike imkhumbule nje
ibe nesizungu sokumbona.
Kebahlale nje ihlane bayoye-
lane ngothando lwayo naye.
Kuyavutha nje esifubeni se-
ntombazana.

Umfana uyayithanda, u
thanda sengathi angayiphatha
ngezandla angabe ekhuluma
ngomlomo kude.

Uzoze azilahle amathambo
athi Au, ntombi hamba sihambe
kesohlala phansi. Mamo! Ikuze
ilumbo intombazana! Umfokazi
kube umfokazi. Imshiye iha-
mbe. Aloku njalo ephikelele
ezozikhalela. Ingaze yamkhatha
la intombazana. Ahambe aye
26.9.39 kozikhalela emaqhikizeni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nawo akhuze ilumbo ngengane yakwako iyincane ale. Kube yiloku zonke izinsuku umfana ezikhalela esho ukuthi au! ngizo menzani kodwa ngoba mina bengithi ake ngimbone nje ke si xoxe nje naye angizukumenza lutho. Ale kona loko ama qhikiza athi yingane le ayi kwazi ukuxoxa nawe. Ancenge umfana ezikhalela.

Kuyothi ngalanga limbe, naye eseze waqothuka izinyawo kubuquza, engasazi, alibize lelijongosi athi ke namhlanje uzoya kozola kubo soka lakho. Lingake likulokothe nje. Siyokuzwa sifebe ndini. Hamba nje niye koxoxa ubusuku bonke ubuye kusasa naku umuntu ezikhalela nempela yiloku nathandana anikaze niyixoxe indaba

nempela kuzothi mashona yenze
isu layo iphume lapha ekhaya
ziyazi ke izintōmbi ezinye kepha
abazali abazi. ihambe iqonde
kubosoka ime ngaselawini
seziyayibona izinsizwa. Seziyi
ngenisa. Isihlala. Inhliziyo
iyafutha! Iyaqhuma uthando
kwesoka layo. Iyavazi amazwi
~~amatsha!~~ amaqhikiza. Luyishaye
luyone uvalo!

Ayike bayibungaze abafa
na basekhaya elawini qede ba
phume bayolala kwenye indlu
isale nomngani wayo. Pho!
Ikhona yini enye indaba ezo
xoxwa. Manje uthando lu
khuzile kubo bobabili. Kodwa
intombazana iyakwazi ukuzi
bamba ihufihle uthando ngo-
ba iphetha izinkomo zika
yise okufanele izibonisele.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umfana luyambulala uthando aze aphumesele athande ukukhulumela edaze. Ungasamqaphele angakonisa. Hayi ke baxoxe baxoxe kukuhle nanje umfana athande ukuthinta okungathintwayo. Mamo! Intombazana! Ikhuze ilumbo! Ayidumele umfana. Pho! Kusemzini ayinakunemeza. Iyamthanda! Hayi we! Imthathe imlahle laphaya! Abuye ayidumele imthathe imlahle laphaya. Kuyoliwa kuse. Kwephuke izinsika impela ingavumi intombazana. Aze athambe umfana abuye ayincenge ithule nje, Ayidumela! Imlahle laphaya impela ukuba kuyokusa isuke ihambe ifike emaqhikizeni. "Ukwenzenjani?" Ibalandisa. Bathi wenze kahle ke.

Aphinde azozincengela emaqhikizeni ebuqaza umfana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kwesinye isikhathi ale, kuze kuthi ngelinye ilanga ayijube intombazana. Ayith tshele ukuthi angayithunti nempela kuyoba yiso sakuqala _ kalwe kuse isuke ibuye. naye aze abe nenhliziyo embi manje. Afike ayibuze intombazana amaqhiki za. Ithi kalwe kwasa. athi we nze kahle.

Abe seyitshela ethi, "Uyabona, yicala leli. Azivulelwa izinkomo. Kodwa kothi ngelinye nje ilanga mhla uyile niyolwa nilwe ubuye uthambe. Juna naye aze abe nenhliziyo ebuhlungu. Kodwa uqaphele ukulala kwakho. Ulale ngo hlangothi ugoqe ubophe uthi du, umkhombise emathangeni. Akwebiwa esibayeni. yicala ngoba kuyokwehlela ithonsi wonakale. Uyothini kubaba? Umqaphele impela! Agcine emathangeni ubophe impela angatholi ukudlula noze

(53)

40

K13/27

athi angaqeda umesule ngesandla sokhohlo wesulele emathangeni a-kho ungavumi kumthele yena noma kuwele phansi. Futhi un-suli ngenye into yesula ngesandle sakho, ngoba kazukulunga umzi-mba wakho uma umesula ngoku-nye noma ezithela. Uvuke ku-mnyama uyogeza emfuleni ku-ulapha ekhaya."

Kuthi mhla iyile ke babuye ba-yibuze, ibatshele ithuthumela. Bathi kobonakala uma usikhohl-sa. Ihlale ithuthumela kuze ku-phele inyanga yonke ingaphinda-nga. Iphele neyesibili ibone ifindo layo lihamba kahle. I-hele neyesithathu lihambe kah-ifindo kube yikhona ibuyela.

Nomfana abone ukuthi ku-hlupheka loku. Akhulume ekha-ya ukuthi ufuna ukuthatha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kubekwe esibayeni zibonakale izinkomo zelobolo, ayibize ize i zogana. Ifike lishona ihamba nenye. Zingeniswe. Kubuzwe ukuthi zikhwela ngobani. zisho. Kuthiwe ubenibizile yini iphendule le ahamba nayo ithi cha. Baziyeke zi lale. Kuyasa kuhamba umuntu uzobika kubontombi ukuthi "Funela nganeno wena wasekuthini." Ithi indoda, "mubuyiseni umntānami." Usekhashwa ke nezinkomo lezo zelobolo. Se beyakhonga ke abasemzini sekuze kuya lunga. Baya nikwa ukucwilisa imithombo, banikwa nokugaya, nelanga ke-Kuchanguzwe.

Lezo ke kwakuyindlela yasebumnyameni. Engakaziwa uJesu nesono. Kodwa zazajiswa izinkomo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(53)



K13/27

zomnumzane.

Kepha nalapho, yehle ingozi. Kuthi sezihlolwa onina kufunya niseke ziphelele ebuntwini bazo. Enye yemithe ithi/iyeba kwehle esikhulu isililo ezintombini Ithi isihlolwa ifunyaniswe igcwele. Kuthi we kwehlela ithonsi ziyiqhube zikhala ziyiyisa esokeni, kushaywe inkabi yokugeza izintombi. Ibulawe zikhiphe umswani ziyogeza ngawo emfuleni zibambe ziyishiye inyama.

Nomame bayiqhube bephethe izimboko bafike bashaye izinja nezinkuku bangene endlini baphohloze izimbiza namakhanzi usebalekile umfana. Uyise ake seshweleza sebesho ukumqeda naye ake seya esibayeni ekhomba inkabi enkulu yomqhoyiso

Sebeyiqhuka sebeyibulala-be yidla.

Idumale iphole lengane eyenye amanyala. Ingabe isahamba nawontanga yayo. Bayenyanye.

Kanti mhlaumbe lomfana kanankomo, uphangelwe yu thando nje. Isizothatha enye intombi iyiphekezele. Ikhumbu le omunye nje owake wayi khuzela ngelinye ilanga, wa phonsa lalinye wedlula. Im-khumbule. Iqonde kwabo engazi naye. Bazingenise. Au! zingene. Zifike zithi. "Ihola wena wasekuthini" Kisishaywa yuvalo insizwa isikhumbula. Kuthiwe ke imephukele. Impela ku yaluzwe ekhaya umnumzane athi yebo ikukhombile mfo wami, Ayigoduswe nezinkomo.

Sekuyasa sekeyikhapha nezinkomo Sekeyayikika kuyise sekulotsho lwa kuqedwa kuchanguzwa. Kuthiwe ke kade iye kodla izinkomo.

Kanti futhi kwakuthi nentombi nje uma isoka layo lingenankomo, kanti umnewako use thanda ukuthatha. Ibone umuntu nje onezinkomo. Isho kwenje iyiphekazele, iyodlela umfowabo izinkomo ingasavalelisanga esokeni layo. Imane yephukele umuntu nje naye engazi. Kepha kube yinto enkulu kakhulu leyo kubo kamfana — ukuthi umfana wabo ukhonjwe yintombi. Bayaluza bafune ezinkomeni bayoyikika ngezinkomo balobola kuchanguzwe.

Namhla akusafani. Sekungathiwa intombazana isifebe uma isukela umfana ithi kathole.

Ihina ke sikhule singamakholwa sathi sika ngamatshitshi sasingena e-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 45

nhlanzekweni saqomela emthethweni:
sathi tshelwa ukuthi/akuhlotshongwa
akuyiwa endodeni nje neze. Saku
gcina ke loko ngenxa yobukholwa no
kucabanga ukuthi ike yakuthinta
nje indoda uyobe wamithi. Saba
amavelethe saze sashada.

Esinye isigaba samantombaza
na asekhona manje, ayisaxoxwa
indaba yeseheli. Isiziqomela ngasese
intōmbi. Ingabuzi ukuthi kulalwa
kanjani ifike izenekele umfokazi
ayimithise ayiphike. Kuthi nenge
mithi ayone umuntu kuthi se itha-
thwa omunye ike se yonakala. Seki
khona isiga kubafana manje ukuthi
nami ngizoyishayela umqhoyiso ngo-
ba nami abanye bayangishayela
umqhoyiso la ngihamba khona.

Uzwe zixoxa lezintōmbi zithi
thina sihamba isilungu. ngiba
ujantshi abe yisitimela. Azisa-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

46* 53 P. 46 K13/27 46*

vumi ukuhlolwa izintombi manje ziyazi ukuthi sezaba yisilungu. Umfundisi wanele ukuthi akungahlotshongwa qede kwabe kuzo uthe aziqale ngokugcinwa ngako.

Kanti kachofoki umfana umthanda uma wala ukulala naye futhi uzokuthatha ejabule efika uphelele.

Typed. 27/9/39

Sengiyema ke lapha.

P.S.

Angazi ke nokuthi ngibale okufunwayo yini. Ngozwa ngani. Uma nithanda ngobuye ngibale ezinye futhi.

(Mrs) Henrietta Victoria Mhlongo (Head Teacher)
Emthini Government Aided School,
C/o H A Kock,
P.O. Box 11,
Izingolweni.

End S. 53

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.